**ISIQEPHU A.**

**UMBUZO 1.2 -1.5**

**INDABA.**

**NAZI IZINTO OKUFANELE ZIBE KHONA ENDABENI.**

- **Isihloko:** umfundi makayiphe isihloko indaba yakhe uma ingenaso. Bheka ukuthi igama negama lesihloko liqala ngofeleba.
- **Isingeniso:** masibe isigaba esisodwa futhi sethule indaba.
- **Umzimba**: mawehlukaniswe izigaba. Isigaba masineikezele kwesinye futhi sihleleke ngendlela.
- **Ulimi**: makube isiZulu sempela sinothe ngezisho, izaga nezifenqo nokunye okunandisa ulimi. Makusetshenziswe ulimi olufanele olungahlambalazi futhi oluhambelana nesihloko.
- **Ubhalomagama;** makusetshenziswe ubhalomagama olusemthethweni kanye nezimpawu zokuloba ezifanele.
- **Isiphetho**: masibe isigaba esisodwa futhi sozwakale ukuthi sisonga indaba.

**QAPHELA! Lokhu makubhekwe kanye nerubhruki oyinikeziwe.**

**ISIQEPHU B.**

**IMIBHALO EMIDE YOMSEBENZI**
**UMBUZO 2**

**2.1 INCWADI YOBUNGANI.**

Nakhu okufanele kuvele ezimpendulweni:

ISAKHIWO:

- Ikheli; elobhalayo.
- Usuku
- Ukubingelela: okukhomba ubungani.
- Ingqikithi yencwadi.: iqukethe lokho okufunwe embuzweni.
- Ukuvalelisa: kuvele igama noma lokho ababizana ngakho.

**ULIMI**: makube ulimi olufanele lukhombe ubungani.
**UBHALOMAGAMA**: makusetshenziswe ulimi olusemthethweni.

2.2 INCWADI YOMBUSO:

Nakhu okufanele kuvele empendulweni:

ISAKHIWO:

- amakheli amabili: elobhalayo nelobhalelwayo.
- Usuku
- Ukubingelela.
- Isihloko sencwadi: sisho lokho okufunwe embuzweni.
- Ingqikithi yencwadi: iqukethe lokho okufunwe embuzweni.
- Ukuvalelisa: kuvele igama nesibongo ngoba lezi yizincwadi zombuso.

Ulimi: makube ulimi olufanele ngokwesikhundla sokukhulunywa naye.
UBHALOMAGAMA: makusetshenziswe ubhalomagama olusemthethweni.

**2.3 UMLANDO WOMUNTU OSHONILE.**

Makuvele yonke imininingwane yomlando womuntu ongasekho.

- Isihloko esishoyo ukuthi umlando okabani.
- Umzimba womlando: kuvele ukuthi uzalwa ubani, kuphi, nini, engowesingaki kwabo. Ukufunda kwakhe ukusebenza kwakhe nezikhundla neqhaza emphakathini.
- Umlayalezo wokuvalelisa kuye.

**Qaphela! Lokhu makubhekwe kanye kanye nerubhriki oyinikeziwe**.

## ISIQEPHU C

### 3.1 ikhadi lesimemo

Makubhalwe isakhiwo esifanele:

- umfundi makabhale okuveza imikhawulo yekhadi.
- Eliya kuye.
- Ingqikithi yesimemo: sisuka kubani siya kubani. Abamemnywayo bamnyelwaphi nini.
- Okuphendulwa kubhekiswe kubo.
- Iminingingwane okuphendulwa ngayo.

### 3.2 Idayari

- Makuvele usuku obhala ngalo.
- akubhalwe ngolimi olulandisayo kube senkathini eyedlule, kubhalwe sambiko. (ubhala ngosekwenzekile hhayi okuzokwenzeka)

### 3.3 IPHOSIKHADI

**MAKUVELE LOKHU:**

- Isikhala sesitembu.
- Ikheli lalapho iya khona kwesokbunxele.
- Ukubingelela.
- Ingqikithi mayihambelane nokomyalelo.
- Elivela kuye.

**Qaphela! Lokhu makubhekwe kanye kanye nerubhriki oyinikeziwe**.

Awuvunyelwe ukukopisha leli phepha